*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Imbewu encane*
Illustrated by Maya Marshak
Written by Nicola Rijsdijk
Designed by Maya Marshak and Tarryn-Anne Anderson
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 30 August 2014.

ISBN: 978-1-928318-92-7

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Emuzini osekwehleleni kweNtaba iKenya eMpumalanga ye-Afrika, kwakunentombazanyana eyayisebenza emasimini nomama wayo.

Igama layo kwakunguWangari.



a-tiny-seed_interior_20150630.indd 7 2017/10/13 1:23 PM

UWangari wayekuthanda ukuba ngaphandle. Esivandeni sokudla somndeni wakhe wayelima khona umhlabathi ngegeja lakhe i-machete. Wayecindezela imbewu encane emhlabathini ofudumele.





Isikhathi sosuku ayesithanda kwakungemvana kokushona kwelanga. Lapho sekumnyama kakhulu ukuthi angabona izitshalo, uWangari wayazi ukuthi sekuyisikhathi sokubuyela ekhaya.

Wayelandela indledlana encane edabula amasimu awele nemifula, aqhubeke nohambo lwakhe.

UWangari wayeyingane ehlakaniphe kakhulu futhi wayeselangazelela ukuya esikoleni. Kodwa umama kanye nobaba wakhe babefuna ahlale ekhaya ukuze abasize.

Lapho eseneminyaka eyisikhombisa, umfowabo omdala wanxusa abazali bakhe ukuthi bamyeke aye esikoleni.



Wayekuthanda ukufunda!

UWangari wafunda okuningi ngaleyo naleyo  ncwadi ayeyifunda.

Wenza kahle kakhulu esikoleni waze wamenywa ukuthi ayofunda eMelika.

Lokhu kwamhlaba umxhwele uWangari! Wayefuna ukwazi kabanzi ngomhlaba.



a-tiny-seed_interior_20150630.indd 14 2017/10/13 1:23 PM

ENyuvesi yaseMelika uWangari wafunda izinto eziningi ezintsha. Wafunda ngezitshalo nangokuthi zikhula kanjani. Wakhumbula nangokuthi wakhula kanjani: edlala imidlalo nabafowabo emithunzini yezihlahla ezinkulu emahlathini amahle aseKenya.







a-tiny-seed_interior_20150630.indd 17 2017/10/13 1:24 PM

Lapho kwanda akufundayo, wabona nokuthi wayebathanda abantu baseKenya. Wayefuna ukuba bajabule futhi bakhululeke.

Lapho efunda kabanzi, wayelokhu ekhumbula ikhaya lakhe elise-Afrika.



a-tiny-seed_interior_20150630.indd 19 2017/10/13 1:24 PM

Lapho eseqede izifundo zakhe, wabuyela eKenya. Kodwa izwe lakhe lase liguqukile. Kwakukhona amapulazi amakhulu ayesendlaleke kulo mhlaba.

Abesifazane babengenazo izinkuni zokubasa umlilo wokupheka. Abantu babempofu kanti nezingane zilambile.



a-tiny-seed_interior_20150630.indd 21 2017/10/13 1:24 PM

UWangari wakwazi ukuthi kumele enzeni. Wafundisa abantu besifazane ukuthi batshale izihlahla ngembewu.

Abesifazane babezithengisa izihlahla basebenzise imali ukunakekela imindeni yabo. Abesifazane babethokoze kakhulu. UWangari wayesebasize ukuthi bazizwe beyizikhondlakhondla futhi beqinile.



a-tiny-seed_interior_20150630.indd 23 2017/10/13 1:24 PM

Ngokuhamba kwesikhathi, kwakhula izihlahla ezintsha zaba ngamahlathi, kwase kuqala ukugeleza kwemifula futhi. Umlayezo kaWangari wasabalala ne-Afrika.

Namhlanje, sekunezigidi zezihlahla esezikhule zivela embewini kaWangari.



UWangari wayesebenze kanzima. Lokhu kwabonwa abantu emhlabeni wonke, base bemklomelisa ngomklomelo odumile. Ubizwa nge-*Nobel Peace Prize*, futhi wayengowesifazane wase-Afrika wokuqala ngqa ukuwuthola.





UWangari washona ngowezi-2011, kodwa sicabanga ngaye njalo uma sibona isihlahla esihle.



a-tiny-seed_interior_20150630.indd 29 2017/10/13 1:24 PM

